# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
## *SENIORSERTIFIKAAT-EKSAMEN*

GAUTENG PROVINCIAL GOVERNMENT

**OCTOBER / NOVEMBER**
***OKTOBER / NOVEMBER***

**2004**

# ISIZULU ULIMI LWEBELE
# IZINGA ELIPHANSI

**Iphepha Lesibili**

**SG 123-2/2**

**8 pages**

isiZULU FIRST LANG SG: Paper 2

123 2 2 SG

COPYRIGHT RESERVED / *KOPIEREG VOORBEHOU*
APPROVED BY UMALUSI / *GOEDGEKEUR DEUR UMALUSI*

**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 75**

---

**IMIYALO**:

- Yonke imibuzo mayiphendulwe ngesiZulu.
- Leli phepha linezigaba ezintathu – Isigaba A, B no- C.
- Isigaba A sinemibuzo emine. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela.
- Isigaba B no -C leso naleso sigaba sinemibuzo emibili, umbuzo omude nombuzo onezimpendulo ezimfushane. Phendula umbuzo OWODWA vo kuleso naleso sigaba.
- Uma uphendule umbuzo omude kusigaba B **uphoqelelekile** ukuphendula umbuzo onezimpendulo ezimfishane kusigaba C, kanti uma ukhethe umbuzo onezimpendulo ezimfushane kusigaba B **uphoqelelekile** ukuphendula umbuzo omude kusigaba C.
- Umsebenzi obhalwe ngobunono uyaziswa kakhulu.

---

## ISIGABA A
## IZINKONDLO

### UMBUZO 1

Phendula imibuzo EMIBILI kuphela.

*IMVUBELO* – MAPHUMULO M.A.

1.1 Funda lesi siqeshana senkondlo bese uphendula imibuzo engezansi:

Namhla ngingumfula ngiyaholobha,
Nginemingenela manxa onkana,
Ngimachibichibi,
Ngimachweba,
Ngimazibuko.
Abomile baphuza kimi!

Nokho nginomthombo …
Cha, nganginomthomb'opholile;
Ompompozayo –
Leso siphethu singapheli nsuku zonke
Nenkezo negobongo
Ebengicakula ngayo ngingaphezi!

Zafika lezo vuvu zamasuku
Amathumb'ezipheth'aphothana.
Inyama eyayiqine kwasansimbi
Yaluphala yabuna,
Yafinyela gongo,
Yathula
Yathul'ungothula yebuya.

1.1.1 Bhala amaphuzu AMANE ngokushiwo yinkondlo. (4)
1.1.2 Bhala izinhlobo EZINTATHU zamanzi imbongi eyaba yizo. (3)
1.1.3 Qhathanisa amazwi athi "abomile baphuza kimi!" ngendlela asetshenziswe ngayo yimbongi nangendlela asetshenziswe ngayo eBhayibhelini. (2½)
1.1.4 Bonisa ukuthi uyayiqonda incazelo yamagama alandelayo:

(a) cakula.
(b) vuvu.
(c) phothana. (3)

3x1 = **[12½]**

**NOMA**

1.2 Funda isiqeshana senkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

Ndoni yami yamanzi,
Ufana nelanga liphum'ehlobo
Elakh'ikhanda yimbokod'ebushelelezi
Namabhamuz'afana nakaMabhengwana,
Kweyam'ufana nembal'eqhakazil'ende,
Ubusika nehlob'awubuni,
Ngikhanyisele ngobhaqa lothando,
Impilo yami iyachichima,
Ngothando lwakho Sithandwa,
Uyindunduzo kowam'umphefumulo.'

Sondela siy'olwandle
Siyohlway'amagobolond'ezihlabathini,
Afana nawe muhlekazi wami.
Woza sibamban'emanzini,
Sitshuze noshaka bolwandle,
Uthando luval'imilomo yawoshaka

Maseq'amangqabangqesh'othando
Sibone ngath'akekh'ongangathi,
Kuwe ngiyonamathela njengenomfi,
Ntandokazi yami ngizilahla kuwe
Kumnyama kubomvu ngingowakho njalo.

1.2.1 Nikeza elinye igama elisho "oshaka" (2)

1.2.2 Tshengisa ukuthi imbongi ilisebenzise kanjani ihaba ukuchaza isithandwa sayo. (1)

1.2.3 Imbongi iyayazi imvelo. Wena uthini? Sekela impendulo yakho ngezibonelo EZINTATHU. (3)

1.2.4 Bhala amagama AMABILI ezitho zomzimba imbongi ekhuluma ngazo kule nkondlo. (2)

1.2.5 Ingabe imbongi kukhona ekuzuzayo kulolu thando? Bonisa ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.2.6 Bonisa ukuthi uyayiqonda incazelo yamagama alandelayo:

(a) ubhaqa.

(b) amangqabangqeshe. (2½)

**[12½]**

**NOMA**

1.3 Funda isiqeshana senkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

Ngazibona zigazuk'izindebe zakhe,
Zidebezeka kungathi bezidebezwa ngenhloso,
Zadebezeka zanemifantu echinc'igazi
Amehlo ayigazi eshone phakathi
Kwanga ayedonswa ngenhloso,
Isisu saboshwa ngemivingqo yezintambo;
Ngezimbamb'ojahidada bafund'izibalo,
Izandla zibambene ngoxolo lwemfuno,
Izinwele ngamadlodlombiya ziyimibala yezingubo;
Ngathula ngambheka wangibheka sabhekana,
Wangibheka ngayigazi anezinyembezi zegazi.
Nkosi, anginalutho ngingamsiza ngani?
Uma lezi zehlo zingenxa yami,
Ngicela ukuvalelw'amasang'okuphila

1.3.1 Khombisa isibonelo ESISODWA sefanamsindo esikule nkondlo. (2)

1.3.2 Khombisa izinhlobo EZIMBILI zokuxhumana ezitholakala kule nkondlo. Sekela ngezibonelo. (4)

1.3.3 Bonisa umehluko okhona phakathi kwamagama alandelayo ngokunikeza izincazelo zawo:

(a) gazuka

(b) debezeka (2)

1.3.4 Imbongi isebenzise kakhulu ihaba uma ichaza isimo salo muntu. Bonisa lokho ngezibonelo EZIMBILI. (2)

1.3.5 Chaza ukuthi isho ukuthini imbongi uma ithi 'ayigazi'. (2½)

**[12½]**

**NOMA**

1.4 Funda inkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

Amagalelo enu angifak'ugqozi
Zofa izinsizwa
Kosal'izibongo.

Sisakuzwa ukubhonga
KoBhambatha kaMakhwatha,
Othathwe yinkunzi
YaseGcotsheni,
Yamsusa phansi
Yamkhipha phezulu.
Ngambon'esemi
Phambi kwam'igqonono,
Esho ngengila eyiphaka:
"Phambili maqhaw'amakhulu!"

Ngikuzwil'ukulandwa komlando.
Dhlomo usilondolozela umlando,
Usuk'eLembeni udiya ngoDinizulu,
Luphelekehle lwakithi kwaZulu.

1.4.1 Bonisa ukuthi uyayazi le nkondlo ngokubhala isihloko nomlobi wayo. (2)

1.4.2 Nikeza isibonelo sempindamqondo etholakala kule nkondlo. (2)

1.4.3 Bonisa ukuthi uyayiqonda le nkondlo ngokunika incazelo yala magama:

(a) ugqozi.
(b) bhonga. (2)

1.4.4 Moya muni otholakala kule nkondlo? Kungani usho njalo. Sekela impendulo yakho. (4)

1.4.5 Bhala amagama abalobi okukhulunywa ngabo kule nkondlo. (2½)

**[12½]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [25]**

## ISIGABA B

Uma ukhethe waphendula umbuzo **omude** kulesi siqephu **uphoqelelekile** ukuthi ukhethe uphendule umbuzo onezimpendulo **ezimfushane** kusiqephu C. Kanti uma ukhethe waphendula umbuzo onezimpendulo **ezimfushane** kulesi siqephu **uphoqelelekile** ukuba uphendule umbuzo **omude** kusiqephu C.

### UMDLALO

### UMBUZO 2

Phendula umbuzo OWODWA kulesi sigaba.

*NGIWAFUNGE AMABOMVU* – MOLEFE L.

2.1 Funda lezi ziqeshana zomdlalo bese uphendula imibuzo engezansi:

**Isiqeshana A**:

| | |
|---|---|
| Mzwezwe: | Mina ngixakwa ngukuthi ngizoyiphikisa kanjani imvelo. Angazi ukuthi ngizokwenza kanjani ukuthi ithi yona iya eNyakatho mina ngiyivimbe ngiyiphindisele eNingizimu. |
| Msanka: | Bengivele ngasola ukuthi laba bantu abangene endlunkulu ngeke baze bathande into eyodwa ngoba nakhu kuthiwa bangumuntu oyedwa. |
| Mzwezwe: | Ungibona nje ngizama ukwelapha ilawu le nkosi. Ngethemba ukuthi akuzufana nokuthela amanzi edadeni. |
| Msanka: | (*Athande ukwexwaya*) Pho, uma kunjalo inkosi ivumelani ukuthi ngibe khona nami? Umsebenzi omkhulu phela lona. |

| | | |
|---|---|---|
| 2.1.1 | Chaza ngamaphuzu AMABILI ukuthi ukwenzenjani ukuphikisa imvelo. | (2) |
| 2.1.2 | Kukuphi endlunkulu? | (1) |
| 2.1.3 | Bhala amagama alabo ABABILI okuthiwa bangene endlunkulu. | (2) |
| 2.1.4 | Chaza okushiwo ngamazwi athi "ngokuthanda into eyodwa". | (2) |
| 2.1.5 | Kuqondani ukuthi bangumuntu oyedwa kulesi siqephu? | (2) |
| 2.1.6 | Kungani uMsanka engafuni ukuba khona lapho uMzwezwe elapha ilawu lenkosi. | (2) |
| 2.1.7 | Bonisa ukuthi uMsanka wayiqaqa kanjani ingwadla yenkinga yalabo abathintekayo. | (2) |
| 2.1.8 | Yini udweshu? Cacisa ngalolo olutholakala esiqeshini esingenhla. | (2) |
| | | **[15]** |

**Isiqeshana B**:

| | |
|---|---|
| Mzwezwe: | Akukho okunye engingakusho Ndabezitha kulesi sikhathi samanje. Ngale kwalokho ngizosenga ezimithiyo. Ndabezitha! Mayidle izishiyele! Angiqonde khona ukuyibukela phansi inkosi. (*UMsanka usephenduke ugodo nje*). |
| Mgidi: | Yini ngingayikholwa le nto, noMsanka angifakazele kulokho? Selokhu uqalile ukuhlaziya amathambo akho uMsanka akazange ahambisane nawe? Akazange avume nakanye nje. Bengimbuka phela. Khuluma Mzwezwe! Ukhuluma imbudane phambi kwami nenduna yami enkulu kangaka! |

2.1.9 Landa ukuthi yikuphi ayekushilo enkosini uMzwezwe. (3)

2.1.10 Chaza ukuthi la mabinzana asho ukuthini?
(a) Ukusenga ezimithiyo.
(b) Ukukhuluma imbudane. 2x2 = (4)

2.1.11 Veza ukuthi wayebangelwa yini uMsanka ukungavumelani noMzwezwe. (3)
**[10]**
**[25]**

**NOMA**

2.2 "Bengivele ngasola ukuthi laba abangene endlunkulu ngeke baze bathande into eyodwa ngoba nakhu kuthiwa bangumuntu oyedwa".
Inkulumo engenhla ikubonisa ukuthi izinsolo ziba nobufakazi, zigcine zingamaqiniso. Chaza kabanzi. **[25]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [25]**

## ISIGABA C

Uma ukhethe waphendula umbuzo onezimpendulo **ezimfushane** kusiqephu B **uphoqelelekile** ukuba ukhethe uphendule umbuzo **omude** kulesi siqephu, kanti uma ukhethe waphendula umbuzo **omude** kusiqephu B **uphoqelelekile** ukukhetha uphendule umbuzo onezimpendulo **ezimfushane** kulesi siqephu.

**INOVELI**

**UMBUZO 3**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi sigaba.

*ISIGCAWU SENKANTOLO* – MASONDO M.M.

3.1 Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

**Isiqeshana A**:

> Nginethemba futhi lokuthi ngeke wakuthokozela ukubhidlika kwalowo mshado. Inkinga iqala lapha-ke," kusho unkosikazi Kubheka ethi ukwesula amehlo akhe ngeduku lokufinya," ukwathi kudala umyeni wami wahlangana nomunye umuntu osibongo sakhe kunguZikode. Baqala-ke ukuba ngabahwebi. Nami-ke anginaqiniso elingakho ngalokho. Emva kwesikhathi washona uZikode ngokudutshulwa.
>
> Kwagcina kungatholakalanga ukuthi ngubani ngempela umbulali. Kwathi uma sekuthathwa iminwe esidunjini sikaZikode kwatholakala ukuthi wabulawa isigebengu esase siqede abantu. Okwafike kwaqeda amaphoyisa amandla ukuthi lowo muntu wayeshone esikhathini esingamasonto amabili ngaphambi kokushona kukaZikode. "Angazi noma kusalandeleka yini mnumzane ohloniphekileyo"? kubuza unkosikazi Kubheka ngezwi elipholile.

3.1.1 Awuzithathe ngokuthi unguVika Kubheka, ungumhwebi noZikode. Silandise ngamaphuzu AMATHATHU amaqiniso ashiwo nguVika Kubheka kuze kufike ekufeni kukaZikode. (3)
3.1.2 Bhala amagama alabo ababezoshada kulesi siqephu. (2)
3.1.3 Ukuphumelela komshado kwadala ziphi izinkinga EZIMBILI? (2)
3.1.4 Chaza ukuthi wakwenza kanjani uVika ukuba kutholakale iminwe yesigebengu esidunjini sikaZikode. (3)
3.1.5 Landa ukuthi wabangelwa yini uZethu ukubika lolu daba. (2)
3.1.6 UVika wasitholaphi isidumbu sesigebengu? Kungani usho njalo? (3)
**[15]**

**Isiqeshana B**:

> "Mbomvu, ngenkathi ngisejele eVatelifali ngaseNyukhasela, ngafunda ukugunda izinwele kanye nokubeka isitini. Konke lokhu ngangikwenzela ukuthi uma ngiphuma ejele ngibe nemizamo yokuziphilisa ngesikhathi ngisafuna umsebenzi. Ekuphumeni kwami ejele, ngathola ukuthi impilo kayihambi kalula njengoba bengicabanga. Ngathola ukuthi kufuneka imvume yokwenza le misebenzi. Kwafika omunye umngane wami esasidonsa naye ejele, naye wayesenkingeni efana neyami. Wayedinga imali kanye nemvume.

3.1.7 Ukugqunywa kukaVika ejele kwaba isibusiso. Sekela le nkulumo ngokubhekisa kokwenzeka ngesikhathi esephumile ejele. (3)
3.1.8 Bhala izinkinga zibe MBILI abhekana nazo esephumile ejele uKubheka. (2)
3.1.9 UVika nomngani wakhe babesebenza msebenzi muni? Besebenza nobani? Chaza. (3)
3.1.10 Sifundo sini esingasifunda ngoVika ngayekwenza esephumile ejele? (2)
**[10]**

**[25]**

**NOMA**

3.2 Ukufa kukaZikode kwaqubula izinkinga emzini kaKubheka. Sekela lo mbono. **[25]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [25]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 75**

**ISIPHETHO**